**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**Izinga eliphansi**
**(Iphepha Lesibili)**

---

## ISIGABA A

## UMBUZO1
## IMVUBELO

1.1 Imbongi ibisiza abantu, yona yayikwenza lokho ngenxa yokusizwa ngunina. Emva kwesikhathi ayisakwazi ukusiza abantu, kusele inkumbulo. Kuphinde kubuye ukushona kukanina sengathi yikho kanye okwenza imbongi ingasakwazi ukusiza abantu. (4)

1.1.2 Ichibi, amazibuko, umthombo. (3)

1.1.3 EBhayibheli uzobhekisa kuJesu owathi ungumthombo abomile baphuza kuye etshela umfazi womSamariya – kusho ukuthi ungukuphila noma, unokuphila. Imbongi yona hleze ikuthathe eBhayibelini kepha kubukeka iqondise osizweni alunika abantu ekhuthazwa ngunina. (2½)

1.1.4 **Cakula** – ukuphungula ngokukha/nokukha kancane; **vuvu** – ilanga elishisela ngaphakathi emafini; ukushisa kwelanga okukhulu kungekho umoya ohelezayo; **phothana** – songana. (3)
**[12½]**

1.2
1.2.1 Izinhlanzi ezinkulu zasolwandle. (2)

1.2.2 Abahlolwa uma bevumelana nodaba lwehaba bazoqhubeka basekele ngokuthi "ikhanda yimbokodo ebushelelezi" amehlo "amabhamuzana afana nakaMabhengwana" (1)

1.2.3 Yebo, ngoba imvelo yimbali, ulwandle, namagobolondo, noshaka. (3)
1.2.4 Ikhanda namehlo. (2)
1.2.5 "impilo yami iyachichima", "uyindunduzo kowam'umphefumulo". (2)
1.2.6 ubhaqa – utshani bokukhanyisa, ikhandlela; amangqabangqeshe – ukweqa amangqabithi, ngenjabulo. (2½)
**[12½]**

1.3.1 Ifanamsindo - ufanangwaqa "Zadebezeka kungathi bezidebezwa... d no-b ufanankamisa e. (2)

1.3.2 Ukuxhumana -siqalo.
"Zidebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
Zadebezeka zanemifantu echinc' igazi,"
Ukuxhumana – okuyinxemu.
"Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi." (4)

1.3.3 gazuka – ukushazwa kwenziwa izindebe ezomile noma indlala idale ukuklayeka kwezindebe. Debezeka – ukwenziwa kokusikwa muntu kuvele ingozi enkulu. (2)

1.3.4 "Zadebezeka zanemifantu echinc'igazi.
Amehlo ayigazi.
Izimbamb'ojahidada bangazibala." (2)

1.3.5 Amehlo abomvu ngenxa yendlala. (2½)

1.4.1 Zinkunzi zelakithi – K.E. Hlongwane. (2)

1.4.2 Impindamqondo
Yamsusa phansi
Yamkhipha phezulu (2)

1.4.3 ugqozi –usinga, amandla, ukuveza ikhono ekwenzeni okuthile.
Bhonga – khala, khonya njengebhubesi. (2)

1.4.4 Umoya wokutusa amaqhawe ngemisebenzi enikeza imbongi ugqozi – amagalelo enu angifaka ugqozi. (4)

1.4.5 NguB. W Vilakazi noR.R.R Dlomo. (2½)

[12½]

[25]

## ISIGABA B

## UMBUZO2
## NGIWAFUNGE AMABOMVU

2.1.1 Ukwenzeka kwezinto okungeguqulwe muntu njengokuthandana kukaThulisile noZaba, akekho umuntu owayengakuguqula. (2)

2.1.2 Kulapho kuhlala khona amakhosikazi enkosi. (1)

2.1.3 Thulisile noThulile. (2)

2.1.4 Ukuthanda inkosi uMgidi ethandwa ngamawele okunguThulisile noThulile. (2)

2.1.5 Kuchaza ukuthi bangamawele. (2)

2.1.6 Wayesaba ukuthi isazelo sizomceba aze aphume neqiniso. (2)

2.1.7 Waquleka ngesikhathi uMzwezwe ekhuluma namathambo ngaleso sikhathi wase esho ukuthi uZaba makabaleke. (2)

2.1.8 Ukungqubuzana okubonakalayo nokungabonakali kubalingiswa, ukuphoqelela kwenkosi ukuthatha uThulisile njengenkosikazi nokuthandana kukaZaba no-Thulisile. (2)
**[15]**

2.1.9 Wayetshele inkosi ngoSonkanise ukuthi akuyena umntwana wenkosi. Emva kokugeja ukumbeka uphawu lokunquma ucikicane. (3)

2.1.10 (a) Ukusenga ezimithiyo – ukukhuluma amanga.
(b) Ukukhuluma imbudane noma ukubheda uma ukhuluma. 2 x 2 = (4)

2.1.11 Wayefuna ukuba inyanga ikhulume yodwa iqiniso bese ethemba ukuthi inkosi ayisoze yakwamukela ukuze imfihlo yakhe ihlale iphephile. (3)
**[10]**
**[25]**

**NOMA**

2.2 Abahlolwa kufanele baqaqe indaba kaThulisile yokwenqaba ukwendela enkosini uMgidi njengomndlunkulu. Ekuqaleni inkosi yayinezinsolo ngelinye lamawele, kwabizwa uMajola uyise wamawele ukuba achaze inkinga yokugcinwa kwesiko lokubulawa kwelinye lamawele nokuthi achazele inkosi ngamadodakazi akhe. Impendulo kaMajola yanikeza inkosi isibindi sokuwathatha amawele. Izinsolo zathi ukwehla inkosi yabheka phambili ithemba ukuthi izinto zizolunga. Ngenxa yemithi kaMzwezwe inkosi yaphumelela ukulala noThulisile lokho kwayinikeza ithemba lokuthi izinto zizolunga. Kwaphetha ngokuthi uThulisile akhulelwe. Lokho kwenza inkosi ithembe ukuthi inguyise womntwana nezinsolo zashabalala. Inkinga isivela ngesikhathi uThulisile eba nezinkinga zokukhululeka, inkosi yakhunyuliswa yinyanga. Wagcina ngokukhululeka umntwana bametha igama uSonkanise. Ukwehluleka kwabo ukumnquma ucikicane kubuyisa izinsolo. UMzwezwe uthombulula ngokuyitshela inkosi ukuthi uSonkanise akuyena umntwana wenkosi kepha uyingane kaThulisile.

UMsanka uqala ngokusekela inkosi ayinika ithemba ukuthi uThulisile uzothamba athobele inkosi. Njengenduna yenkosi uyayeluleka inkosi, ngisho noMajola ngesikhathi eze enkosini. uMsanka ubusebenzisa kahle ubuduna bakhe. Isimo sakhe siguquka ngesikhathi kuza isithunywa emzini wakhe sizobiza uZaba, kulapho uZaba atshela uyise nonina ukuthi uthandana noThulisile kulapho uMsanka aqala ukuhlushwa isazelo. UMsanka naye uyakuveza ukuthi uZaba uyathinteka kulelicala lokukhulelisa uThulisile. Lokho kwenza izinsolo zibe nobufakazi.

UThulisile wayeqhubeka enza izaba zokungadli ukudla kwasendlunkulu okwakugcina ngokudliwa nguKhonzeni. Imizamo yokuba uThulisile alulekwe nguThulile noNokufika yaphelela oboyeni okwezithukuthuku zenja. UThulisile waqhubeka ethandana noZaba kungasafihlwa. UZaba ube inhloli yenkosi lokho kwamenza wasondela eduze noThulisile futhi bakwazi ukubonana njalo.

Kwaphetha ngokuba uKhonzeni athande inkosi, kudale enye inkinga lokho. Kuholele uKhonzeni ekuthini athembeke enkosini, agcine aqinise izinsolo zenkosi ukuthi uThulisile akathembeki futhi wenza ngabomu, akazange aphoqelelwe. UKhonzeni wayefisa ukuba uThulisile angeqa amshiye nenkosi, lokho kumenza abeqotho enkosini.

Balethwa phambi kwebandla. Inkosi yabatshela ukuthi bangabathakathi bazobulawa. Kepha uZaba ucele ukuba bakhululwe ngoba akazange abalalele ngesikhathi bemkhuza. Uphinde abatshele ngemvelo ukuthi yiyona eyenze ukuba athandane noThulisile. Inkosi iphetha ngokubaxolela bakhe imizi komkhulu ngoba iqiniso nesibindi kubakhululile. UKhonzeni uba ngumndlunkulu enoThulile. (25)

**[25]**

## ISIGABA C
## UMBUZO 3

3.1.1 UZikode waba yigovu engasabafuni oVika nomngani wakhe, umngani kaZikode waduba; uVika wasala eqhubeka esebenza ngokuthembeka, uZikode wamakhela uzungu ukuba amphelekezele ehlashaneni ayobona ishende, kanti ehlashaneni uzomvukela azame ukumdubula; kulowo mnyama isibhamu sikaZikode sibe ngakuVika bese kuqhuma inhlamvu eyadubula uZikode ngeshwa wafa. (3)

3.1.2 UThulani Hadebe noDuduzile Kubheka. (2)

3.1.3 Izinswelaboya zifuna imali yemvalamlomo ngenxa yokuthi uThulani engumshana kamufi uZikode; uDuduzile uyesatshiswa ngokuthi makakhokhe imali yemvalamlomo. (2)

3.1.4 Wabambisa isidumbu sesigebengu esashona emasontweni amabili edlulile umzimba kaZikode nesitelingi semoto. Amaphoyisa athola iminwe yesigebengu, adideka. (3)

3.1.5 Amaqola ayefuna imali endodakazini yakhe. Abuye agasela kuye uZethu. (2)

3.1.6 Wasithola emoshali lapho uMagwegwe ebengunogada khona uMagwegwe wafuna imali yemvalamlomo esho nokuyisho indaba kaVika ukusuka nokuhlala. (3)

**[15]**

3.1.7 Wathola imali yomshwalense kaZikode ngosizo lwabameli okwamenza waba isigwili esizedlula zonke eNyukhasela.

Wakwazi nokubeka isitini lokhu okwamenza ahlanganyele noZikode nkampanini yinye. (3)

3.1.8 Imvume yokuthola umsebenzi nemali yokuziphilisa. (2)

3.1.9 Umsebenzi wenkontileka. Basebenza noZikode. Yena nomngani wakhe bakha izindlu. UZikode ephatha imali. (3)

3.1.10 Ukuphumelela nokuvikela ifa umuntu udinga ukuzikhandla athole nosizo lwabameli. (2)

[10]

[25]

**NOMA**

3.3 Ukufa kukaZikode kuvusa izinkinga emzini kaKubheka. Umthombo walezi zinkinga uqala ngesikhathi kudutshulwa ngengozi uZikode. UVika wayegwema ukugqunywa ejele okwesibili wabona okungcono ukuba aye emoshali acele isidumbu azosibambisa emzimbeni kaZikode nasesitelingini semoto. UKubheka wakhokha imali kunogada uMagwegwe Buthelezi yokungena emoshali emva kwesikhathi. Ngesikhathi esizayo nesifanele wasebenzisa ulwazi uMagwegwe ngokufuna imali yemvalamlomo.

UVika wazidonsela amanzi ngomsele ngoba phela uMagwegwe Buthelezi wazibandakanya noMhlobo Mvubu kula masu okuthola imali yemvalamlomo emzini kaKubheka. Waqala ngokugasela kuZethu Kubheka umkaVika owakhokha imali yemvalamlomo. Kazinelisekanga izinswelaboya ziye zaphikelela ukufuna imali njalo.

Izinto zathanda ukuqondana ngoba umshado kaDuduzile noThulani Hadebe wawubhekwe ngamehlo abomvu ukuthi kufanele uphumelele. Abantu bemvalamlomo nabo babheke uThulani ukuthi ungumshana kamufi uZikode lokho bakusebenzisa ukuze umshado ungaphumeleli. Ukuze uphumelele kwakudingeka imali ukuze bavalwe imilomo nguDuduzile. Ngenhlanhla ethile incwadi yemvalamlomo yatholwa nguVika wayinikeza ummeli odume iNyukhasele yonke uSifiso Ngubane.

USifiso Ngubane wenza izaba zokuthi abantu bemvalamlomo baxabane bodwa ngosizo lukaThemba owayengumseshi, nonobuhle uThokozile. Uyaphumelela ukuba izinswelaboya zixabane zodwa ngenxa yokushintswa kwemali eyayifunwa yemvalamlomo. Isenzo sikaNgubane awuzange usishayele ihlombe umuzi kaKubheka wahlaselwa nguVika uqobo lwakhe noDuduzile owayefuna ukumudla ephila uNgubane.

Ukwehluleka kwenzinswelaboya ukuthola imali yemvalamlomo kwaholela ekusolaneni okwaphetha ngokuba uMagwegwe abulale uMhlobo. UZethu wayethinteka ekubulaweni kukaMhlobo. Kwadingeka ukuba uNgubane azame wonke amasu ukuba alethe ubufakazi bokuthi akuyena uZethu obulele uMhlobo. Abatshuzi basiza ukuthola isikhwama sikaZethu. UNgubane washintsha imali eyayisesikhwameni wafaka enezinombolo. Watshela uZethu ukuthi atshele izintatheli okwenzeka ngosuku abona ngalo uMhlobo. Lokho kwaholela ekutholakaleni kwesibhamu. Imali enezinombolo yatholakala kuMagwegwe umbulali, wagcina ngokuboshwa. Kepha konke kwaqala ngokufa kukaZikode. [25]

[75]

**ISIPHETHO**